**Kwake kwaba khona ibhubesikazi** elalilidala kakhulu futhi likhathele kakhulu.

Lalikhathele kakhulu ngendlela yokuthi lalilala usuku lonke ... **nobusuku bonke.**

**“Woza uzozingela kanye nathi,”** kusho odadewabo namadodakazi alo.

Kodwa ibhubesikazi **lalikhathele kakhulu.**

**“Yini engahambi kahle ngalo?”** kubuza izimpala ezincane. **“Ningasondeli kakhulu,”** kuxwayisa onina bazo. **“Lingase linidle.”**

Kodwa ibhubesikazi lamane labhakuzisa izindlebe zalo **lixosha izimpukane.**

the-very-tired-lioness_interior_.indd 10 2020/06/22 18:12

Ngolunye usuku ibhubesikazi lavuka linomuzwa ongajwayelekile sengathi **kukhona okulibukayo.**

Ngenkathi libuka phezulu, labona isilwane esibilayo, esiphendukayo esihlahleni.

**"Ungubani wena?"** kwabuza ibhubesikazi.

“Ngiyilanga. **Ngize ukuzokulanda,”** kwaphendula isilwane.

**“Hamba,”** kubhoka ibhubesikazi. **“Ngifuna ukulala.”**

Ngenkathi ibhubesikazi liphinda livula amehlo alo, ilanga lalilokhu lisesihlahleni.
**“Ngabe awuboni yini ukuthi usenza sonke sishiselwe futhi sinxanwe?”**

**“Isikhathi sesihambile,”** kwasho ilanga.
**“Ngilandele.”**

Ngakho-ke, ibhubesikazi lasukuma kancane kancane **lalandela ilanga.**

**“Uze ukuthokozele ukuzingela,”** kumemeza odadewabo kanye namadodakazi emuva kwalo. **“Sizokubona! Sizokubona!”** kutshiloza inyoni.

Kodwa ibhubesikazi alizwanga lutho ngenkathi likhwela lenyukela ...

... phezulu phezulu, phezulu esibhakabhakeni.

**“Ewu, kwakude bo,”** kwasho ibhubesikazi.

**“Alusekude kakhulu uhambo manje,”** kwasho ilanga. **“Ungaphumula uma sifika khona.”**

Ngakho-ke ibhubesikazi leza **lazohlala nelanga.** Usuku lonke lilala ngokuvilapha **ekufudumaleni kwalo.**

Kodwa-ke ebusuku, **ngenkathi ilanga lilele,** ibhubesikazi libheka phansi libuke umhlaba **omuhle elawushiyayo.**

the-very-tired-lioness_interior_.indd 29 2020/06/22 18:13

